

KING GOODWILL ZWELITHINI KABHEKUZULU



14 JULY 1948 - 12 MARCH 2021

INyuvesi yaseThekwini Yezobuchwepheshe, i-Durban University of Technology (DUT) iphatheke kabi ngesikhathi izwa izindaba ezibuhlungu zokukhethama kweSilo Samabandla, uGoodwill Zwelithini KaBhekuzulu.

Egameni likaShansela waseDUT, uMam' uNonkululeko Nyembezi, usiHlalo woMkhandlu waseDUT, uMnuz Wiseman Madinane, iPhini likaShansela noThisanhloko, uSolwazi Thandwa Mthembu nasegameni labasebenzi, elezitshudeni ezikhona nesezaphuma kulesi sikhungo noMkhandlu waseDUT, sithanda ukudulisa amazwi enduduzo eNdlinkulu, esizweni samaZulu nakubantu bakuleli. Sithandazela ukuba labo abalimele ezinhliziyweni ngokukhethama kweSilo baqine futhi baduduzeke. Sengathi umphemfumulo kaNgangezwe Lakhe ungaphumula ngokuthula.

Isilo Samabandla, uGoodwill Zwelithini KaBhekuzulu wayenguShansela waseML Sultan Technikon, ngaphambi kokuthi

ihlanganiswe neTechnikon Natal, okwaholela ekusungulweni kwe-Durban Institute of Technology (DIT) ngo2002. IDIT yabe seyiqanjwa kabusha iba yi-Durban University of Technology ngo2007.

Amagalelo eSilo nokubakhona kwaso emicimbini yokuthweswa kwemiyezane bekubaluleka kakhulu. Umphakathi wasenyuvesi bewubusiseke kakhulu ngokuba neNgonyama eyake yaba nguShansela wayo futhi ubuziqhenya kakhulu ngobuholi bukaMdlokombane.

Akekho oyofika kwiSilo Samabandla. Lala uphumule Hlanga loMhlabathi.

Bayede! Wena Wendlovu!!



DURBAN UNIVERSITY OF TECHNOLOGY
INYUVESI YASETHEKWINI YEZOBUCHWEPEHESHE

WWW.DUT.AC.ZA